


UThomi ufudu wayehlala yedwa ensimini "Ngifisa sengathi ngabe ngiyakwazi ukugijima ngejubane njengezinye izilwane," kusho yena.



Walikhumula igobolondo uThomi, wayesememeza, “Ngibhekeni, sengiyakwazi ukugijima, igobolondo ebelingisinda alisekho!”



T2_4 Tortoise and his shell_big book_Z.indd 2 2021/11/04 21:43



Emva kwesikhashana wama uThomi. Wayeshiselwa, ilanga lishisa isikhumba sakhe esithambile emhlane. "Alikho igobolondo elizongivikela, ngizophumula emthunzini."



T2_4 Tortoise and his shell_big book_Z.indd 3 2021/11/04 21:43



Wezwa umsindo esibhakabhakeni uThomi, wabona ukhozi. “Ngifisa ngabe igobolondo lami likhona ukuze lingivikele,” kusho yena. Wacasha masinyane embotsheni yesihlahla.



T2_4 Tortoise and his shell_big book_Z.indd 4 2021/11/04 21:43



Wasuka wagijjima futhi uThomi. Wezwa izulu liduma, wezwa nemvula emhlane. “Ngifisa ngabe igobolondo lami likhona lingivikele,” kusho yena.



T2_4 Tortoise and his shell_big book_Z.indd 5 2021/11/04 21:43



UThomi walikhumbula igobolondo lakhe. Wagijima wayoligqoka futhi. “Anginandaba noma ngingangakwazi ukugijima ngejubane,” kucabanga yena. “Ngiyakuthanda ukuba yimina!”



T2_4 Tortoise and his shell_big book_Z.indd 6 2021/11/04 21:43

